# *Futhi Kusukela KulesosiKhathi*

Kuhle ngempela ukubuya nokuzwa umfowethu, umelusi, enikeza ubufakazi bomusa kaNkulunkulu, ngalentombazane yakhe encane. Lokho nje kufana neNkosi uJesu, ukwenza izinto ezinjengalokho. Impela kunjalo.

2 Manje, siyajabula kakhulu, kulobubusuku, ukuba sibe naye, omunye wezimenywa zethu, njengoba sikubiza kanjalo, inkonzo yomkhuleko ngobusuku boNyaka oMusha, umngane wami olungileyo, uMfowethu Ernie Fandler, omunye wabaphendukile eNkosini uJesu Kristu, umklomelo womusa. Esukela ekhaya lakhe eSwitzerland, yilapho avela khona. Futhi ngiyakholwa, umfowethu kanye naye lapho, asebehlala eShawano manje, iJalimane ngokudabuka, uMfowethu Waters. Siyajabula ukuba babenathi kulobubusuku.

3 Bese-ke sinaye, futhi, kanye nathi kulobubusuku, u—umfowethu oligugu wokukholwa, iNingizimu Afrika, uMfowethu David duPlessis. Siyajabula ukuba abe nathi, naye. Futhi si . . . UDavid nami si—simagange, noma siyakhuleka, neNkosi isipha umsebenzi othize omkhulu ndawonye, kulonyaka ozayo, phakathi eAfrika nezingxenye ezehlukene zezwe. UMfowethu David ulapha manje ukuba kuxoxwe ngakho, futhi sikhuleke ngakho, phakathi kwamanje noMsombuluko, ukunquma nje ukuthi kube nini nakuphi, phakathi e—eAfrika, nezingxenye ezehlukene zezwe esizoya kuzo. Njengoba, uMfowethu David ubenesikhundla esigqame kakhulu eNgqungqutheleni yoMhlaba yamaPentecostal, kanti futhi waziwa kakhulu ngabaholi abaningi abakhulu bezenkolo emhlabeni wonke jikelele. Futhi ube nogazi kakhulu ekubonisaneni nasekubangeleni, njengoba sinjalo manje, ekusizeni ekuhlanganiseni uMzimba kaJesu Kristu ndawonye, onke amahlelo okukholwa. Kungakhathaleki ukuthi (wona) bandla lini abanalo, noma (bona) phawu luni abaphawulwe ngalo. Kuyilokho, iBandla, Lelo uKristu alifelayo.

4 Futhi bengicabanga kaningi ngalokho. Ngangivame ukusiza ekuqoqweni kwezinkomo, izikhathi eziningi, phandle eNtshonalanga. Sasikhuphuka, uMfowethu David, futhi sihlale phandle lapho lapho ababeqhuba khona izinkomo zikhuphuke zidabula othangweni oluyindunduma yesihlabathi, zikhuphuke ziyongena ezintabeni, ukuyozidlisa e . . . sizidedele zidle emadlelweni, i . . . ehlathi. Ngesikhathi, imfunda yayikhula ezansi, imfunda yasendle. Base beyisika imfunda, bese bepha izinkomo sonke—sonke isikhathi sasebusika, ngenkathi kwakuyiziphepho ezinkulu zeqhwa, phezulu ezintabeni.

5 Futhi ngangivamise ukuhlala lapho esihlalweni sehhashi ngibhekisise umphathi wepulazi edlulisa lezozinkomo; futhi

idlelo ngalinye, ezansi, elalingavusa itani lefolishi. Uma babekwazi ukukhiqiza amatani angamashumi amahlanu efolishi, lokho kwakuchaza ukuthi babengafaka izinkomo ezingamashumi amahlanu. Uma babekwazi ukukhiqiza inkulungwane yamatani efolishi, inkulungwane yomhlambi wezinkomo wawungedlula. Umuntu ngamunye, enophawu emankomazini akhe. Babhekisisa izimpawu, kusobala, amadlelo ehlukene, ukuze bbengazixubanisi. Bese kuthi-ke uma i . . .

6 Umphathi wepulazi, wayengakukhathalele kangako ukuthi hlobo luni lwezimpawu olwalwedlula, ngoba zonke zaziwuhlobo lwezimpawu. Kodwa kukhona into eyodwa ayefanele ayihlole ngempela, lelo kwakuyicici elichaza uhlobo lwegazi. Zazifanele zirijistwe ngokuthi zingama Hereford, kungenjalo zazingeke zedlule esangweni. Bazibuyisela emuva. Niyabo?

7 Futhi ngicabanga ukuthi yileyondlela okuyoba ngayo ekwaHluleleni. Akuyikuba ngukuthi hlobo luni lophawu esilufakile, kodwa uma icici elichaza uhlobo lwegazi lilapho. Yileyonto eyo—eyosebenza, icici elichaza uhlobo lweGazi.

Futhi ngiyajabula kakhulu ukuba noMfowethu David kanye nathi.

8 Futhi ngiyabona uMfowethu Estle Beeler ubelapha esikhashaneni esedlule nje. Ngimbone esukuma emuva lapho, evela ndawo ndawo. Nabanye abefundisi esifuna ukuzwa kubo, kulobubusuku. Futhi, manje-ke, futhi ngiqagele uMfowethu Ruddell nabo bazongena, ngoba bazohlala kuze kube phakathi nobusuku.

9 Nokho, uMfowethu David angeke ahlale kuze kube phakathi nobusuku. Uyindoda efunwayo impela, ndawo zonke. Futhi kuthe nje uMfowethu Rodgers angezwa ukuthi ubengapha, ngani, uzothumela futhi abe naye ngapho ngeleshumi. Ngakho lokho kusho ukuthi uzosuka lapha, ngokushesha impela, ukuba aphumele lapho eningizimu Louisville.

10 Futhi ngicabange ukuthi kungaba kuhle, uma kungalunga kuMfowethu David, uma—uma singaba naye ukuba akhuphuke futhi akhulume lokho okusenhliziyweni yakhe, ashumayele kithi, enze noma yikuphi lokho iNkosi ekubekayo. Sonke singathanda ukuzwa uMfowethu David duPlessis, ophuma eNingizimu Afrika.

11 Ake ngisho lokhu. Ukuthi, ngenkathi ngikhona, ngale eAfrika, emkhankasweni wami omkhulu iNkosi eyasinika wona ngapho, umfowabo wayengumhumushi wami, uMfowethu Justus. Ngikholwa ukuthi igama lakhe ngu Mfowethu Justus. Futhi umndeni wabantu omuhle ngempela, yilezizelamani zakwa duPlessis. Ngicabanga ukuthi kukhona i . . . Ngiqagele bonke bangabefundisi, ngokwazi kwami, futhi mhlawumbe nobaba, naye, owayengumfundisi. Futhi bavela emndenini

wabantu omuhle. NoMfowethu David uphethe igama elikhulu phakathi kwawo onke amabandla namahlelo emhlabeni jikelele.

12 Futhi Mfowethu David, ngithanda ukuba uze manje futhi ukhulume kithi, noma yikuphi uNkulunkulu akubeke enhliziyweni yakho ukuba ukusho. Yenyuka ngqo. Futhi ngijabula kakhulu ukwethula ebandleni lami, kulobubusuku. Lona ngu Mfowethu Orman Neville, umelusi wethu. Nasebandleni, lona ngomunye wabangane bami abayigugu, na—namabutho esikanye nawo enkonzweni kaNkulunkulu, uMfowethu David duPlessis waseNingizimu Afrika. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu David.

13 [UMfowethu David duPlessis uyakhuluma. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . khuluma. Amen. Sonke sakwenza. Mfowethu David, shesha ubuye impela ubuye ube nathi futhi. Lokho kuhle kakhulu. Sijabula ngempela.

14 UMfowethu David usho izinto ezithize lapho, ngifisa sengathi nje benginepeni lami, ngabe ngizibhale phansi. Kodwa ngiyohlala ngikhumbula "abazukulu abangamadodana; abazukulu."

15 Awu, impela siyakuthokozela ukuvakasha kukamfowethu. Futhi uyi . . . ube i . . . exhumene neNkomfa yoMhlaba yamakholwa amaPentecostal, nomuntu odumileyo esemgqeni womsebenzi wakhe umhlaba wonke jikelele. Futhi sinenhlanhla, kulobubusuku, ukuba noMfowethu David ukuba eze akhulume kithi ngalobubusuku boNyaka oMusha. Futhi ningabona ukuthi amadoda adumileyo acabangani ngeNkosi yethu, acabanga ngenceku yaKhe edumileyo.

16 Manje ngiyakholwa ukuthi, kusasa, kunguNyaka oMusha, ngamahora ambalwa nje manje. Futhi ngifanele ngisuke kusesekuseni ekuseni, ngakho ngicabange ukuthi ngizokhuluma kancanyana nje, uma kulungile kuMfowethu Neville. [UMfowethu Neville uthi, "Yebo. Amen."—Umhl.] UMfowethu Beeler, nabanye abefundisi lapha. Ngeke ngithathe esiningi sesikhathi. Futhi ngiyacabanga, uma besizothi "Amen," bese siya ekhaya, bekuzoba ngumlayezo oyisimangaliso. Futhi besingabonga eNkosini ngalokho esinakho lapha, kulobubusuku.

17 Futhi manje, kodwa njengoba lobu kungubusuku boNyaka oMusha, siyabungazana nje, ngoMbuso kaNkulunkulu, sishumayela, kuze kufike uNyaka oMusha. Futhi ngine . . . ngivuke ekuseni, kusesekuseni impela, le ngaphambi kokuthi kuse. Futhi angimusha njengoDavid. Mhlawumbe ngi . . . Mhlawumbe angizizwa ngimusha njengoba kwenza yena. Uyi . . . Kusobala, uDavid mdadlana—dlana kancane kunami. Ngicabanga ukuthi uneminyaka eyisikhombisa noma eyisishiyagalombili ubudala kunami, mhlawumbe ishumi. Kodwa ngempela uyibhola lomlilo kuNkulunkulu, ehamba amamayela ayizinkulungwane ezingamashumi amahlanu

kulonyaka, ngezoMbuso kaNkulunkulu. Usendleleni yakhe manje ngale ukuyoshumayela kwaMfowethu Rodgers, nakusasa uzoba nabanye, kwenye indawo, nakwenye indawo, nakwenye indawo, abuyele lapha futhi ngoMsombuluko. Futhi ngifanele ngibonane naye ukwenza amalungiselelo ohambo lomhlaba-jikelele oluzayo manje.

18 Futhi sizoba seAfrika, ngiyaqonda kulentambama, ngoMashi, lo—loMashi ozayo. Ngizobonana no Clayton Sondmore, woSomaBhizinisi abangamaKristu beFull gospel, kuleliviki, noma ngaleliviki elizayo, ingxenye yokuqala yalo, bese kwenziwa amalungiselelo aseJamaica, kumaHaiti. Ngiyahamba ngeviki elizayo ngiyongena eKentucky, noma ngiyongena ezansi egeorgia, ngibe naleyomihlangano lapho. Ngibuye ngqo futhi ngehle ngedlule eKentucky, ubusuku lapha, nobusuku laphaya, ngibamba lamabandla. Bese ngibuyela ekhaya ngqo ngivela lapho, ngiya e—e—eAtlantic City, ukuqala zingama 27, zize zibe ngama 30, bese ngisuka lapho ekuseni 1, bese ngiqala e—eKingston, eJamaica, e ra-. . .enkundleni yezomjaho, ngalobobusuku, okomhlangano wezinsuku eziyishumi lapho. Futhi kusukele lapho kuqhubeke, bese kuba-ke kumaHaiti, nanoma yikuphi. Asazi ukuthi siyoya kuphi ukusuka lapho, kuyoba njengoba iNkosi iyosihola nje.

19 Manje, onke lawa asenziwa. Niyabo? Angikasho ukuthi yebo. UDavid ulapha, uClayt uyeza. Ugordon, uMfowethu gordon Lindsay uyeza, kowaseNingizimu Melika. Ne—neminye, oSomaBhizinisi abangamaKristu beMelika abakhuluma isiLatini. NokaMfowethu David owaseSwitzerland, eJalimane, kwehle njalo. Kodwa asikazi. Qhubekani nikhuleka. Angifuni kuya-ndawo aze athi uNkulunkulu hamba, nangokwazi kwami konke. Ngakho-ke, uma ngizwa ngiholeleka ekutheni ngihambe, khona-ke uma ngehla ebhanoyini, ngi. . .Futhi akunandaba ukuthi impikiswano injani, ngingathi, "Ngiza ngegama leNkosi uJesu."

20 Ngibonge kakhulu ngoDavid, ubungani esibe nabo sindawonye, ngoba indoda iyindoda esemqoka ngempela, kodwa i—i—iyikholwa ngempela lenkonzo yeNkosi. Ikwenza ngempela. Na—namagama ethu belihambisana ndawonye emhlabeni wonke jikelele manje, uMfowethu David nami.

21 Futhi ngijabula kakhulu ukuba nokuhambisana nendoda enjalo. Kodwa, bangane, ngiyakuthokozela lokho. Kodwa into enkulu edlula konke engingacabanga ukuhambisana nayo nguJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, Leyo enkulu.

22 Manje, uMfowethu Neville nabanye babo bazobe bekhuluma emizuzwaneni embalwa, kodwa ngifuna ukufunda nje intwana ethize emBhalweni manje.

23 Futhi kuhle, ngiyacabanga, ngobusuku bangoNyaka oMusha, ukubona abashumayeli abehlukene, nendlela abaqhamukela ngayo indikimba, nalokho abakushoyo, njalo

njalo. Futhi umuntu ngamunye enendlela okungeyakhe yokushumayela. Niyazi, uNkulunkulu akasenzanga safana sonke. Wasenza sehluka. Wasenza umehluko esimweni sethu. Wenza izwe lehluka, nezintaba ezinkulu, izintaba ezincane, izinkangala, izingwadule, izimbali ezinkulu ezimhlophe, izimbali eziluhlaza okwesibhakabhaka, nazo zonke izinhlobo ezehlukene. Usenza sehluke. Yilokho kuphela. Wenza ikhanda elibomvu, namakhanda amnyama, amakhanda ansundu, ikhanda elimhlophe; abakhuluphele, abanomzimba omncane, abade, o, noma yini okunye. Niyabo? Nje u—nje Usenza sehluke. UNkulunkulu unguNkulunkulu wezinhlobonhlobo. Futhi ngithi nje ukukuthanda lokho. Anikuthandi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kodwa into efanayo nje ngaso sonke isikhathi? He! He! Ngiyakuthanda lokhu.

24 Ngakho asiphenye manje emiBhalweni yethu, ngale eNcwadini kaMathewu oNgcwele, ivangeli likaMathewu oNgcwele, siqale nge. . .Nevesi 4, ngifuna ukulifundela i. . . ukulifundela indikimba, iNkosi isisiza. UMathewu oNgcwele, isahluko 4.

Ngikholwa, ukuthi singakafundi, asikhuleke.

25 Baba waseZulwini onomusa, kungezinhliziyo ezibongayo futhi ukuthi sisondela kulonyaka omusha. Futhi sisondela kuWe futhi siletha kuWe yonke iminako yethu yokwedlule, futhi sicela ukuthi Wena uzoyifaka olwandle lokukhohlwa, futhi ungabe usazikhumbula izono zethu esibhekene nazo. Futhi masingahloli kuphela ubuntu bethu bukamoya, kodwa kwawethu. . .kwangathi singahlola inhlanganyelo yethu naWe. Futhi usithethelele zonke izono zethu. Futhi sicela ukuthi uMoya waKho uzosebenzana nathi kulobubusuku. Futhi uma kubakhona noma yiyiphi into engahlanzekile ngathi, Nkosi, isuse iqhelelane njengempumalanga kwintshonalanga. Ilahlele olwandle lokukhohlwa, ukuba ungabe usayikhumbula imelene nathi, ukuze singene kulonyaka omusha, sihlanzekile, sigezwe yiGazi leWundlu, futhi silungele.

26 Kwangathi lo 1960 ungaba ngunyaka omkhulu kunayo yonke esake saKukhonza ngayo. Sinike ngokweqile, ngobuningi. Yonke lemihlangano eqhubekayo, Nkosi, esicabanga ngayo noMfowethu duPlessis, nasemhlabeni jikelele, siyongena eEshiya, nokuthi siyongena ngale eYurophu, nakuzo zonke—zonke izindawo. Nkosi, makube yintando yaKho naMandla aKho azoholela kulezizinto. Futhi uma singable noma ngasiphi isikhathi sichezuke endleleni yezinyawo yaKho yaPhezulu egcotshiweyo, kwangathi uMoya oNgcwele ungabeka isivimbelo endleleni futhi usimise, Nkosi, futhi usibuyisele emuva endaweni efanele. Siphe khona.

27 Busisa lelibandla elincane, Nkosi. Eselicishe, lisondele le emashumini amathathu eminyaka, ngiqagele, lama lapha manje, njengesikhumbuzo somusa kaNkulunkulu, kubantu

abathobekile. Siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobusisa uMfowethu Neville, umelusi. Busisa lonke ibandla. Busisa abaphatheli, abadikoni, umculisi, umshayi-piyano, nawo onke amalunga, wonke umuntu, othisha bakaSonto sikole, noma yimuphi omunye. Nkosi, kwangathi singakwazi ukukhula kulonyaka emseni kaNkulunkulu. Futhi kwangathi ubulunga bethu bungakhula bube yizibalo ezinkulu ngokuthe xaxa, no—nomningi kakhulu umusa waKho, lowo, kunoma bekunjalo lokhu eminyakeni eyedlula. Siphe khona, Baba.

28 Manje sisize njengoba sisasondela kulendikimba esilungiselela ukuyifunda, iZwi laKho. Futhi nguWena kuphela, Nkosi, ongahumusha futhi sikhulekela ukuthi Uzosipha khona, ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu. Egameni likaJesu Kristu. Amen.

29 Ngimemezela manje nje engikukhethele indikimba okwemizuzwana embalwa elandelayo. Itholakala emBhalweni lapha, futhi ngizoyifunda. Ibizwa ngokuthi, ngifuna ukuyibiza ngokuthi, "kusukela kulesosikhathi."

30 Angicabanganga, ngasho ngobunye ubusuku, bengingacabangi ukuthi ngiyokwazi ukwehla, ngenxa yokuthi umphimbo wami ubungalungile. Nomkami uthe kimi izolo, noma kuthangi, uthe, "Ngakho-ke ngicabanga ukuthi awuzukwehlela esontweni."

31 Ngase ngithi, "S'thandwa, angicabangi kanjalo. Umphimbo wami ubuhlungu kakhulu futhi awulungile."

32 Kwase kuthi-ke, bungakapheli nje lobobusuku, ngenkathi ngihlala phansi ngase ngicosha umBhalo, ngagijimela kuLokhu.

33 UMfowethu Sothmann wafika. Wathi, "Uzoya esontweni kusasa ebusuku na?"

Ngathi, "Yebo. Ngizobakhona."

34 NoMeda wangiqalaza, wayesethi, "Angikuqondi wena."

Ngathi, "Angikubhekile ukuba ungiqonde, uyabo," ngathi, "hhayi nanoma ubani omunye."

35 Akekho noyedwa oholwa nguMoya kaNkulunkulu ongake aze aqondakale.

36 INkosi yethu, babengaYiqondi. Yayibukeka sengathi Yayikhuluma indlela eyodwa, umzuzu owodwa; nangenye indlela, ngomunye umzuzu. Futhi kwenye indawo Yayikhuluma ngenye into. Ngesinye isikhathi kwakunguJesu okhulumayo, ngezinye izikhathi kwakunguNkulunkulu okhulumayo. Niyabo? Ngisho nabafundi basho lapho, ekugcineni, bathi, "Bheka, manje Usukhuluma ngokusobala. Manje sesiyaqonda." Niyabo?

37 NoJesu wathi, "Niya un- . . . Futhi seniyakholwa manje na?" Niyabo, emva kwalokho.

38 Ungeke nje ukwenze, ngoba uholwa nguMoya. Futhi uqala ukwenza into ethize, uthola ukuthi ubona ukuthi u . . .

UNkulunkulu ufuna ukukusebenzisa ndawo ndawo. Ufanele ume *lapha* futhi uye *lapha*, uholwa nguMoya nje. Bayinqaba, abantu abangajwayelekile onempilo ofuna ukuyehlukanisela uNkulunkulu.

39 Futhi njalo ngisho lokhu, "Ngizokwenza lokhu uma iNkosi ithanda." Niyabo? Uma ngenza isithembiso kunoma ubani, "Ngiyokwenza uma iNkosi ithanda." Niyabo? Futhi ngakhoke, manje-ke, uma kungesiyo intando yeNkosi, ngizo... Ngizokhuluma ngaloMlayezo uma iNkosi ithanda. Ingangibiza, kuwo wona loMlayezo, ukuba ngindizele eCalifornia. Ngingabeka eceleni yonke into futhi ngindizele eCalifornia, ngihambe ngokukhulu ukushesha.

40 Futhi ngifuna ukuphila kanjalo. Angifuni lutho olungibophela phansi. Angifuni lutho olukhulukazi oluthize noma olunye, lapho olubiza izigidi zamadola, futhi ufanele uthole imali eningi kangaka, nsuku zonke, ukungibophela phansi. Ngifuna ukuba, lapho, uma uNkulunkulu ethi, "Ngifuna wehlele lapha kulababantu. Bahlanu kuphela. Kodwa yehlela lapho, futhi uhlale lapho Ngize ngikutshele ukuthi hamba." Ngifuna ukuya lapho. Anginasibopho, nje...futhi uma Ifuna ngiye phesheya kwezilwandle.

41 Manje nakhu, ngisanda kukusho, ukuya eJalimane, noma e—eAfrika. Nomunye wesifazane ongusozigidi, ngesikhathi nje uMoya okubeka kimi ukuba ngiye eAfrika, wathi, "Ngizoluxhasa uhambo futhi ngilukhokhele lonke nokuncinyane kwalo." Niyabo? Yilokho kuphela. Kungani ngifanele ngikhathazeke ngemali nezinto, kanti uBaba wami ingeyakhe yonke na? Niyabo? Angakhuluma nje nalesisicebi, noma nalesiyasicebi, noma lababantu, noma labobantu, futhi anginasidingo sokukhathazeka ngayo. Niyabo? UNkulunkulu nje ukunakekela konke.

42 Mfowethu Roy, yileyondlela yokuphila. Yekela Yena nje akunakekele. Kuhle kakhulu.

43 Manje asiphenye emiBhalweni yethu, esahlukweni 4. Futhi asiqale uku—ukufunda, cishe evesini 12 lesahluko 4 seVangeli ngokukaMathewu oNgcwele.

> *UJesu se e*...Futhi *uJesu se ezwile ukuthi uJohane uboshiwe, wamuka waya eGalile;*
>
> ...*Wasuka eNazaretha, weza wahlala eKapernawume, elingasogwini lolwandle, emikhawulweni yakwaZabuloni neyakwaNafatali:*
>
> *Ukuba kugcwaliseke okwakhulunywa ngolsaya umprofethi, ukuthi,*
>
> *Izwe lakwaZabuloni, nezwe lakwaNafatali, ngaselwandle, ngaphesheya kweJordani, iGalile labeZizwe;*

*Abantu ababehlezi ebumnyameni babonile ukukhanya okukhulu; nababehlezi* emazweni *ethunzini lokufa kuphumele kubo ukukhanya.*

*Kusukela kulesosikhathi uJesu waqala ukushumayela, nokusho ukuthi, Phendukani: ngokuba umbuso wezulu ususondele.*

44 Ngifuna ukukhuluma ngendaba ethi: *Futhi Kusukela KulesosiKhathi.* Niyazi, njengesidalwa esingumuntu, sonke sicabanga ngezinto kusukela esikhathini esithize. Into ethize-thizeni eyenzekile, futhi kusukela kulesosikhathi. Futhi manje, ngezikhathi eziningi, uhlangana nekhehla noma nesalukazi, futhi bayathanda ukukhomba emuva ngesikhathi okwenzeka ngaso into ethize, ngokuqhamile abangakumaka bese bethi, "Kwakungalesosikhathi."

45 Manje, ngicabanga ukuthi ngokwenzekayo sonke lapha, kulobubusuku, singakubiza elungeni, ekukhumbuleni izinto ezithize ezenzeke ngesikhathi esithize. Kusukela kulesosikhathi, into ethize yashintsha. Into ethize-thize, yenzeka ngalesosikhathi. Futhi kusukela kulesosikhathi kuqhubeke, kwakwehlukile. Futhi kuyinto enhle ukuthi singayenza. Nezinye zalezo zinkumbulo, ngezinto esicabanga ngazo, yizinto ezinosizo ezishintshile. Futhi kukhona ezinye izinto ezingenasizo kangako ukucabanga ngazo.

46 Isibonelo nje, uma owesifazane onegama elibi, owathi, "Kwake kwaba khona isikhathi engangikahle ngaso, ngilungile, ngiyintombazane eziphethe kahle. Futhi ngobusuku obuthize, noma indawo ethize, kwenzeka into ethize." Futhi kusukela kulesosikhathi, ubesemgwaqeni ongafanele. Impilo yakhe seyoniwe yisono, nobumnyama nesigayegaye, futhi ngukwahlulelwa kuphela okumlindele. Kodwa angakhumbula, kusukela kulesosikhathi esithize, kwenzeka ngesikhathi ethatha umgwaqo ongafanele.

47 I—indoda eyisidakwa, kulobubusuku, emigwaqeni, ezama ukuphuza ukuze ixoshe izinsizi zayo. Ungahle uyiqukule. Njengoba ngangisezansi edlangaleni lapha, esikhathini esithize esedlule, eNew York, isikhungo esikhulu sabantu abadakiwe. Ngangihamba nomfundisi othize. Futhi lapho kwakulele indoda, o, inqwaba nje yamadoda, angenamonakalo, angenasizo, elele lapho ingaphambili lezingubo zabo limanzi lonke, ne—nezintshebe zawo zigcwele ubuso bawo, futhi nje esesimweni esibi kabi. Futhi ayengenamonakalo nhlobo.

48 Nalomfundisi wathi, "Qukula leyo, bese uyayibuza nje."

49 Futhi ngawelela kulendoda eyayilele olunye unyawo lunqume ebhampini yemoto, nekhanda layo lilele phansi emgwaqeni, nalapho eyayehluleke khona uku—ukuhamba ngezinye izikhathi, ukuba iye ezindlini zokuzikhulula. O, nje

yayisesimweni esibi kabi. Futhi ngayibamba, ngase ngithi, “Uyakwazi ukukhuluma?” Futhi ayizange ingiphendule.

50 Ngakho umfundisi wehla. Wayazi kakhulu ukuthi kubhekwana kanjani nayo. Futhi wayibuza. “Ungubani wena?”

51 Futhi ekugcineni wayiphaphamisa ngokwenele, yaze yathi, “Uma uzongithengela utshwala!” Futhi wathola ukuthi, yayikwazi ukukhomba ngomunwe wayo ebhange eyayingumongameli walo.

52 “Awu,” wathi, “singabashumayeli. Ungake ungixoxele ukuthi kwenzekani na?”

“Uma uzongethembisa utshwala!”

53 Awu, sasingenakukwenza lokho. Ngathi, “Ngeke ngengeze usizi ezinsizini zakho. Ngifuna ukukusiza.”

54 Yonke indaba yayo. Ifika ekhaya, ngobunye ubusuku, futhi kwakukhona i, eyayibiza ngokuthi, incwadi eyayithi “John Othandekayo” ise—isetafuleni. Manje-ke umkayo wayeseyishiyile. Futhi kade . . . Yayimthanda. Futhi wayethathe abantwana bayo. Futhi yayisidivoziwe, futhi wayebaleke nenye indoda. Yayisithi, “Angazanga ukuthi kufanele ngenzeni, ukuba ngidubule ngichithe ubuchopho, noma ngenzenjani. Ngakho nge—ngehlela enkantini.” Futhi kusukela ngalesosikhathi, yayisilapho. Lokho kusemhlabeni wonke.

55 Umqambimanga. Ungahle uthathe oyedwa, njengoba ngasho endodeni, ngeliny’ilanga, engangicabanga ukuthi yayikhuluma amahlaya. Futhi sengiyathola, ukuthi, yakhuluma amanga amaningi kakhulu yaze yawakholwa, qobo lwayo. Futhi ngathi, “Yini ekwenza wenze lokho na?” Futhi ngahlala phansi ukuze ngixoxe nayo. Ngathi, “Ngifuna ukukubuza. Lezozindaba zibheda kakhulu ukuthi abantu bazikholwe.”

56 Yathi, “Eyodwa eyokuqala ukuba ngikhumbule ngiyixoxa.” Yathi, “Ngangingumfana omncane owakhuliswa ekhaya elikahle.” Yayisithi, “Ngiphuma ngase ngibhema osikilidi bosilika wokusanhlamvu, ukuba ngibe smati nje. Futhi ngidla ikhofi, ukukususa emoyeni wami.” Yayisithi, “Ngikwenze ngemuva kukashimula omdala, emva kwendlu.” Yayisithi, “Angisoze ngakhohlwa, ngenkathi umama engibamba, futhi wathi kimi, ‘Mfanyana, ake ngihogele umoya wakho.’ Futhi ngamphephatha ebusweni ngomoya wami, wayesethi, ‘Udle ikhofi ukuba ususe okuthize emoyeni wakho. Kade wenzani? Kade ubhema osikilidi?’”

57 Yayisithi, “Kukhona okwangitshela ukuba ngimtshele iqiniso.” Yathi, “Kodwa ngathi, ‘Qhabo, mama. Ngifunga ngenhliziyo yami. Kade ngingabhemi bona osikilidi.’” Yathi, “Futhi kusukela kulesosikhathi, kwaqalwa yilokho.”

58 Sonke singathola okuthize oku—okuqala ngesikhathi esithize. Futhi kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke,

izinto yaguquka. Futhi zikhona ezinye izinto ezinosizo ebesingacabanga ngazo. Amadoda anezinhloso ezinhle izame ukuqala izinto kabusha, ukwenza izinto ngesikhathi esithize.

59 Isibonelo nje, ngenkathi kuqala ukusungulwa kogesi nguBenjamin Franklin, futhi bakwazi ukuwunqoba. Baqala ukuthi, "Kusukela kulesisikhathi kuqhubeke, ngeke zisabakhona izimpi. Ngoba, lokho, logesi ungafakwa ezincingweni, ube namandla amakhulu, luze lungeqiwa-muntu." Babesho kahle.

60 Futhi khona impela emva kweMpi yokuQala yoMhlaba, ngenkathi—ngenkathi uKaiser Wilhelm esayina isivumelwano sokuthula. Satshelwa lapha eMelika. Ngangisengumfana cishe oneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala. Kodwa ngisakhumbula abantu bonke bethi, "Asisoze saba nenye impi. Kusukela kulesisikhathi kuqhubeke, isixazululekile, phakade." Kodwa saba nayo enye impi.

61 Futhi ngenkathi inhlangano yezizwe enkulu iU.N. Noma, ngingathi, ngaphambi kwalokho, babumba lokho okwakubizwa ngeNhlangano yeZizwe. Futhi bathi, "Manje ngeke sisaba nazo izimpi, ngoba sesineNhlangano yeZizwe ezogada umhlaba. Futhi uma kukhona ukuvukelana ndawo ndawo, lamadoda asezizweni zonke ayoya lapho futhi aphoyise emhlabeni." Kodwa kwaba ukwehluleka. Baqhubeka ngqo benezimpi. Ne U.N. iyoba yinto efanayo.

62 Siyatshelwa manje ngesibikezelo ukuthi kusasa ebusuku noma ngeSonto ebusuku . . . Yona leyondoda eyabikezela iPearl Harbor, ngawo impela umzuzwana ukuthi a—amabhanoyi azoyibhomba, yasho, ukuthi, "NgeSonto ebusuku ngeleshumi nambili nqo, ukuthi amaphesente angamashumi ayisikhombisa-nanhlanu abantu baseMelika bazosha babe yimilotha, ukuthi iRashiya izobhomba iUnited States, ngaleliSonto elizayo ebusuku ngeleshumi nambili ngqo." Indoda efanayo eyabikezela iPearl Harbor. Abayikhiphi, ngoba abantu bayaphiyaza. Angikukholwa. Niyabo? Qhabo. Ngoba, ngeke ihlushwe yimpi ye atom. Elinye labo linejubane eledlula umsindo, *ngapha*, sizowaphosa *ngapho*, nezwe lingaba yizicucu. Kukhona into ezokwenzeka, nokho, ngaphambi kokuba kufike uJesu. Kunjalo.

63 Isibonelo nje, abashadikazi abasebancane. Kwakukhona isikhathi esithize abashada ngaso. Futhi ba—bahlanganisa izifungo zabo ndawonye. Base befunga, omunye komunye, ukwethembeka kwabo. Futhi basho, ukuthi, "Sizothandana, sihloniphane futhi silondolozane, inqobo nje uma sobabili sisaphila." Kodwa kufika isikhathi okwenzeka khona enye into.

64 Zonke lezizinto lapho, kukhona isikhathi ngenkathi kubakhona okwenzekayo. Futhi mhlawumbe zonke izifungo zabo, nazo zonke izinhlangano zezizwe, njalonjalo, mhlawumbe zazinenhloso enhle, kodwa zonke zifika ekupheleni. Zonke ziyabuthuka, phansi kwe—kwe—kwezinyawo zomuntu. Nazo

zonke izinhloso ezinhle ebesingaba nazo, kodwa zonke zifanele zifike ekugcineni impela.

65 Kodwa kukhona isikhathi lapho umuntu angafika khona entweni ePhakade. Kungaleyonkathi lapho, umuntu, isikhathi umuntu ahlangana khona noNkulunkulu. Kungaleyonkathi lapho kubakhona into eyenzekayo ePhakade.

66 Siyawenza amaphutha ethu. Futhi senza izifungo zethu ngobusuku boNyaka oMusha, ukuba kuphela sizephule ngosuku olulandelayo. Siphenya amakhasi amasha, futhi simisa izifungo. Futhi siya kubapristi futhi. . . Asikwenzi, kodwa kwenziwa ngamaKatolika. Futhi senze ukuvuma, futhi sisayine izifungo zezithembiso, futhi size ealtare futhi siphenye amakhasi amasha, kodwa konke kuyize. Ngokuba, ngesikhathi esilandelayo umuntu-mumbe unqamula endleleni yethu yezinyawo noma okuthize, lololaka oludala luyondiza ngqo lubuye futhi. Ngaso sonke isikhathi uma singena enkathazweni noma okuthize, kuyokwenzeka futhi.

67 Kodwa kukhona indawo lapho umuntu engeza khona, esikhathini, esizomguqula khona ingunaphakade, iPhakade. "Oyoza kiMi, Angisoze ngamlahlela ngaphandle," kwasho uJesu. Umuntu angeza kuNkulunkulu, naso sonke isiphetho sakhe saPhakade siyaguqulwa. Nomuntu angahlangana noNkulunkulu, futhi angephinde afane futhi. Ungeke uhlangane noNkulunkulu ubuye uphinde uhlale ungumuntu ofanayo obunguye. Uma uMfulathela, uzoba ngumuntu omubi ukwedlula lokho owawuyikho. Uma uMemukela, unokuPhila okuPhakade, futhi Uyokuvusa ngomuhla wokuphela, ngesithembiso saKhe.

68 Kwake kwabakhona isikhathi ngenkathi kukhona umuntu othiwa uAbrahama, owehla evela kumaKaledi, futhi wakha emzini wase Uri. Futhi wayengumuntu nje, umuntu olungileyo. Mhlawumbe, mhlawumbe wayengahle abe ne. . . Uyise mhlawumbe wayekhonza izithixo, ngoba bavela eBabiloni. Futhi wayengumuntu ojwayelekile nje, futhi wayesegugile. Wayenamashumi ayisikhombisa-nanhlanu, nomkakhe wayenamashumi ayisithupha-nanhlanu.

69 NoAbrahama, ngeliny'ilanga, ngenkathi mhlawumbe ephumile esendle, ezingela kumbe noma yini ayeyenza, ekha izithelo amabheri, kumbe noma yimuphi umsebenzi wakhe ayekade ewenza, wahlangana noNkulunkulu. Futhi kusukela kulesosikhathi, waguqulwa. Wayekwazi ukubiza izinto eyayingekho, ngokungathi zazikhona, ngoba wayehlangane noNkulunkulu. Wayewazile umzuzu nehora ahlangana ngalo noNkulunkulu. Kwamguqula. NoNkulunkulu wambiza ukuba abe ngubaba wezizwe eziningi. Futhi wamkholwa uNkulunkulu futhi wasikholwa isithembiso saKhe, ngoba wayehlangane noNkulunkulu. Eminyakeni engamashumi amabili-nanhlanu kamuva, babexoxisana, bezama ukumcasula, bemtshela ukuthi wayekholwe into eyiphutha. Kodwa iBhayibheli lathi,

"Wayelokhu eya ngokuba namandla kakhulu ngaso sonke isikhathi, enika uNkulunkulu udumo." Ngoba, wayazi ukuthi uNkulunkulu wayefanele asigcine isithembiso.

70 Kulapho nxa umuntu ehlangana noNkulunkulu. Kuguqula isimo sakhe. Kumnika umuzwa omkhulu. Njengoba ngangikhuluma ngobunye ubusuku, umuntu wemvelo kuphela unemizwa emihlanu. Kodwa, ikholwa, uma lihlangana noNkulunkulu, lithola okuthile okwehlukile. Ngumuzwa omkhulu omphakamisela ngaphezu kwamathunzi. Kumenza akholwe izinto okunganakwenzeka ukuba zifezeke. Usakholwa ukuthi zizofezeka, ngoba uNkulunkulu washo njalo. Uma umuntu ehlangana noNkulunkulu, khona into eyenzekayo.

71 Kwakukhona isikhathi lapho khona umuntu wayekade eqeqeshwe kukho konke ukuhlakanipha, yonke isayense yezenkolo yeZwi likaNkulunkulu. WayeLazi ngencwadi. Wayefundiswe esikoleni. Wayenazo zonke iziqu. Wayehlakaniphe kakhulu waze wakwazi ukufundisa izifundiswa ezinkulu zamagibhithe nothisha babo. Wayekwazi konke, ngencwadi. Kodwa eyigwala nayo, elalibaleka, waphumela kwingemuva logwadule futhi wayelusa izimvu zomfokazi. Kodwa kufika isikhathi lapho uNkulunkulu ehlangana naye lapho, esihlahleni esivuthayo. Futhi kusukela kulesosikhathi kuqhubeke, uMose waguqulwa, ngoba wahlangana noNkulunkulu esihlahleni esivuthayo. Futhi ubuso nobuso noNkulunkulu, akabange esafana.

72 Uma owesilisa noma owesifazane . . . Angikhathali ukuthi zingaki izifungo ozenzayo, noma mangaki amakhasi amasha owaphenyayo. Uze uhlangane noNkulunkulu, ungeke waguqulwa. Kodwa uma waze wahlangana noNkulunkulu, khona-ke uguqulwa ingunaphakade.

73 Akuzange kuphela kuguqule uMose. Kwaguqula uIsrayeli. Kwaguqula igibhithe. Kwaguqula izwe ngalesosikhathi, ngoba umuntu oyedwa wahlangana noNkulunkulu futhi waMthatha eZwini laKhe.

74 Esikudingayo namhlanje ngumuntu ukuba ahlangane noNkulunkulu, ubuso nobuso, futhi akhulume naYe, isimo. Uma abantu behlangana noNkulunkulu, izinto ziyaguquka. Impela. Yiyona-ndlela kuphela esingaba nezinto ngayo.

75 Futhi kusukela kulesosikhathi kuqhubeke, uMose igwala, uMose lo owayebaleka, wayeseguquliwe. Futhi kusukela kulesosikhathi, uba yinceku yeNkosi. Kuhlala njalo kusebenza ngaleyondlela. Uma umuntu ehlangana noNkulunkulu, izinto ziyaguqulwa.

76 Kwake kwabakhona intombazanyana, ingengaphezulu kweminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, noma mhlawumbe ingendala kangako, eyayisendleleni yayo iqonde emthonjeni ngokunye ukusa, ukuyokha ibhakede

lamanzi, ezansi eNazaretha. Yayiyintombazanyana enhle. Yayikholwa. Yayinokukholwa. Kodwa, ngalokho kusa, yahlangana noNkulunkulu. NoNkulunkulu wayitshela okuthize, futhi yakukholwa. Futhi kwaguqula yonke indlela yokuphila kowesifazane, futhi kuyenza ingafi. Igama layo kwakunguMariya, unina weNkosi yethu uJesu. Inenekazi elincane laliyintombazanyana ejwayelekile nje, kodwa yahlangana noNkulunkulu. Futhi kusukela kulesosikhathi kuqhubeke, kukhona okwenzekayo. Impela.

77 Kwakukhona umuntu ogama linguPetru, umdobi omdala omahlikihliki, cishe nje ekhahlana njengoba beza. Futhi cishe wayengumfuqi omkhulukazi wengqwele. Ngoba, lapha ngesikhathi esithize esedlule, ngibone umdlalo, othiwa, "UMdobi omKhulu." Ngicabange ukuthi kwakungukuchazwa okuhle kakhulu kukaPetru, ngoba wayengumfo omdala omkhulu omahlikihliki ngempela. Wayengakhathaleli lutho. Cishe wayengakholelwa kunoma yini. Kodwa, ngeliny'ilanga, wahlangana noNkulunkulu. Futhi kusukela kulesosikhathi, waguqulwa. Kusukela kulesosikhathi, uba ngumphostoli weNkosi uJesu Kristu.

78 Njengoba uMfowethu David duPlessis ubesitshela esikhashaneni esedlule, ngoSawulu waseTarsu, umbulali, owayebambe ibhantshi lababulali, lokho, futhi wafakaza, futhi unikeza ubufakazi ekufeni kukaStefanu umfel'ukholo. Wayenezincwadi emaphaketheni akhe, ukuba ehlele e—kubeluleki abayizinhloko bamabandla, futhi abophe abantu ababenza umsindo omkhulu kakhulu, bememeza, futhi bedumisa uNkulunkulu. Wayengumuntu odumileyo ebusweni babaFarisi. WayengumFarisi wabaFarisi. Kodwa, ngeliny'ilanga, wayesendleleni yakhe eqonde eDamaseku, futhi wahlangana noNkulunkulu. UkuKhanya kwambaneka nxa zonke. Futhi kusukela kulesosikhathi kuqhubeke, wayengasesuye uSawulu waseTarsu. Kodwa wayesenguPawulu, ozithobile, omnene, ngoba wahlangana noNkulunkulu, futhi Kwamguqula.

79 Kwakukhona onochoko owayelele esangweni. Onke amakhambi omuthi awakwazanga ukumelapha. Izilonda zakhe esezivundile zase zibenkulu kakhulu izandla zakhe zaze zangabe zisakwazi ukuthi ziphakame, sanhlobo. Nezinyawo zakhe, kwase kunzima ukuzihudula. Isifo sakhe sasesingasenathemba. Kodwa wahlangana noNkulunkulu, ngeliny'ilanga, ephuma esangweni. Futhi wawa phansi wakhuleka, wayesethi, "Uma Uthanda, Ungangihlambulula."

80 Wayesethi, "Ngiyathanda. Hlambuluka." Futhi kusukela kulesosikhathi, wayengasenachoko, ngoba wahlangana noNkulunkulu.

81 Kwakukhona impumputhe ihlezi eceleni komgwaqo. Futhi yayingakwazi ukubona imini ebumnyameni. Kwakungekho lutho olungayisiza. Ngeliny'ilanga, Omunye uyeza ehamba

phansi ephuma emzini waseJeriko, futhi ngenkathi ihlangana noNkulunkulu; futhi kusukela kulesosikhathi, yakwazi ukubona. Ukubona kwayo kufika kuyo. Ukubona ukukhanya kwase kuqhekezekile emehlweni ayo, futhi yakwazi ukubuye ibone. Ngoba, kusukela kulesosikhathi, ngenkathi ihlangana noJesu, yase ingumuntu ohlukile. Yayisibona.

Uma umuntu ehlangana noNkulunkulu, kubakhona into eyenzeka ngempela.

82 Kwakukhona insizwa, ngesinye isikhathi; akungabazeki, isakhamuzi esihle sedolobha, kodwa yehlelwa ngamalumbo. Futhi yayibambeke kabi kakhulu ngangokuthi nejele lehluleka ukuyibamba. Futhi bayibopha ngamaketango. Futhi yayinolegiyona bamademoni, kuyo, yaze yagqashula amaketango futhi izikhulule yona. Namademoni ayiqhubela emathuneni, lapho eyayihlala khona phakathi. Futhi yathatha amakhekheba futhi, ideleleke kakhulu, yayizisika yona uqobo. O, yayingumfo osabeka kabi. Lapho lawomalumbo eyiyeka, akungabazeki yayingacabanga, "Ngenzani lapha?" Futhi cishe ngalesosikhathi, amademoni ayebuyela kuyo futhi, futhi ayisike futhi ayidabule. Kodwa, ngeliny'ilanga, yahlangana noJesu. Futhi kusukela kulesosikhathi kuqhubeke, uhlanya lwaseGadara lwaswanguluka emqondweni, lwembethe, luhlezi ngasezinyaweni zaKhe. Lwakwazi ukubuyela ekhaya, lungumnumzane ohloniphekile. Lwakwazi ukubuyela empucukweni. Lwakwazi ukubuyela kwabalo abathandekayo, futhi lwakwazi ukuthi luthi, "Kusukela kulesosikhathi, sengiguquliwe." Yebo.

83 Ngeliny'ilanga, ngaleya eKalvari, ngenkathi uNkulunkulu nokufa kuhlangana, ubuso nobuso, ngenkathi ukuPhila nokufa kuhlangana ndawonye. Kodwa lokho kungenkathi ukuPhila, uKristu, engcothula udosi ekufeni. Futhi kusukela kulesosikhathi, ukufa akusenalo udosi kukho. Ngijabula kakhulu ngalokho. UNkulunkulu! Ukufa noNkulunkulu kwahlangana, ndawonye. Ukufa bekungasafani. Akusenakutinyela kukho manje. Ikholwa elingumKristu lingahamba liqonde ngqo ebusweni bakho bese lithi, "O kufa, luphi udosi lwakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na?" Ngani na? Bobabili bahlangana noNkulunkulu. Abakaze bafane selokhu kwasukela lapho.

84 Akekho umuntu ongafana, akukho okungafana, uma kuke kwahlangana noNkulunkulu. Awusoze wafana.

85 Ngisakhumbula ngilele lapha embhedeni wasesibhedlela. Odokotela banginika ukuthi ngizophila imizuzu emithathu. Inhliziyo yami ishaya, ngokuphindwe kashumi nesikhombisa ngomzuzu. Ngahlangana noNkulunkulu. Selokhu kwasukela lapho, bengingakafani. Kukhona into eyenzeka kimi. Akekho owayengangitshela noma yikuphi ukwehluka. UBill Branham wafa. Ngahlangana noNkulunkulu, futhi Into ethize ingena

kimi. Angikaze ngifane selokhu kwasukela ngalowomzuzu engahlangana ngawo naYe. Wangiguqula. Wangenza into ehlukile. Kwakungesikho ukuthatha isifungo soNyaka oMusha, kodwa ngahlangana noNkulunkulu.

86 Silisa nesifazane, uma nihlangana noNkulunkulu, niyaguqulwa. Senza izifungo zethu zoNyaka oMusha kulobubusuku; sibuyele emuva kusasa ekuseni, ukuba sizephule; ngosuku olulandelayo, ukuba sizephule. Kodwa esidinga ukuba sikwenze, akusiso isifungo soNyaka oMusha, kodwa sifanele size sibhekane ubuso nobuso noNkulunkulu, futhi sibe nokuPhila okuPhakade, sizalwe ngoMoya waKhe.

87 Kwakuyindoda endala, ngesinye isikhathi, futhi yayingakwazi ukucabangisisa engqondweni yayo. UDeveli wayeqhubeka nokuyishaya akukhiphe kuyo. Ngeliny'ilanga, yaphumela endle, yaguqa phansi ukuba ikhuleke. Isakhuleka, yashayela phansi isikhonkwane. Yathi, "Lokhu makube yisikhumbuzo. Satane, uma uke waphinda weza kimi futhi, ngiyokukhombisa lesisikhonkwane. Ngizokutshela ukuthi khona lapha ngahlangana noNkulunkulu, futhi kwaxazululelwa lapha kuqhubeke." Yilokho esikudingayo, mhlawumbe kungesiso isikhonkwane endle, kodwa ndawo ndawo, indawana ethize esithekileyo, enye indawo. Hhayi i . . .

88 O, kulobubusuku, kuzobakhona amakhulu ezifungo ezithathwayo, izinkulungwane zazo ezithathwayo. Futhi ngonyaka ozayo siyodingeka sizithathe zonke, ziphindwe futhi. Sizothi, "Sizoyeka ukuqamba amanga. Sizoyeka ukwenza *lokhu*. Futhi sizolubeka eceleni ulaka lwethu. Sizomenzela okuningi uNkulunkulu. Sizokwenza *lokhu*, noma *lokho*, noma *okunye*," kuphela sithola ukuthi, kuyize.

89 Umuntu okudingeka akwenze, kulobubusuku, ngukuza abhekane ubuso nobuso noNkulunkulu. Futhi kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke, useyisidalwa esiguqukile. Haleluya! O, sengathi bengingakusho ngendlela engikukholwa ngayo. Kodwa uma umuntu ehlangana noNkulunkulu, useguquliwe, ngalowomzuzu, zonke izinsuku zakhe. Akasoze afana, ngoba usenokuPhila okuPhakade. Useyisidalwa esisha. Izinto ezindala sezedlule, futhi zonke izinto sezizintsha kuye. Ubukeka emusha.

90 Umuntu ogulayo angahamba angene ebusweni bukaNkulunkulu, uma odokotela esethe, "Uzofa." Kodwa angahamba angene ebusweni bukaNkulunkulu, bese enxusela isifo sakhe. Futhi uzophuma, engumuntu ohlukile, futhi kusukela kulesosikhathi kuqhubeke.

91 O, ngikhumbula indoda kaKhongolose u-Upshaw, ihlezi esihlalweni esinamasondo iminyaka engamashumi ayisithapha-nesithupha. Ngalobobusuku, ngaleya eCalifornia, ngenkathi uMoya oNgcwele ehla, futhi uqala ukukhuluma, wahlangana noNkulunkulu. Futhi kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke, yakwazi ukuhamba ngaphandle kwezinduku zayo zokuqhugela.

92 Ngike ngabona isikhathi lapho kulele khona abantu asebedliwe ngumdlavuza, bengasenalutho kuphela isithunzi. Nodokotela babedlula bathi, “Ayisekho indaba yabo.” Abathandekayo babo babuthana phakathi, ukuba basho amazwi abo okugcina abebengawasho, kubona, ukukhuthaza. Kodwa bahlangana noNkulunkulu, futhi, kusukela kulesosikhathi kuqhubeke, baguqulwa. Baphila ngokwehlukile.

93 Sengiyambona owesifazane onokungcola, ngaleya emgwaqeni. Sengiyasibona isidakwa, ngaleya emgwaqaneni. Sengiyambona umzenzisi, ngaleya ebandleni. Zonke lezozinhlobo ezehlukene zabantu, uNyaka oMusha ngamunye, bephenya ishidi elisha, futhi bezama ukwenza okuthile okwehlukile, bezama ukubuyisela futhi benze kanjalo kanjalo. Ake bahlangane noNkulunkulu, kanye, futhi kusukela lapho kuqhubeke.

94 UJesu washumayela kulabo kusukela lapho kuqhubeke, ababehlezi ezindaweni zethunzi lokufa.

95 Futhi ngithi, kulobubusuku, uma umuntu efuna ukuba noguquko lwangempela lufike phezu kwakhe, makeze abhekane ubuso nobuso noNkulunkulu, futhi ahlangane naYe kanye, khona-ke angathi, “Kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke, kusukela kulesosikhathi kuqhubeke, ngaba ngumuntu oguqukile. Ngazi ngesipiliyoni sokuzibonela.”

96 Esikhashaneni esincane, ibandla lizobe libuthene lapha lizungeze ialtare. Nizobe nehlukanisela izimpilo zenu, kabusha. Nizobe niyeka izinto, futhi nibeka izinto phezu kwe altare. Mfowethu, ake ngikunike iseluleko. Uma ungakaze uhlangane noNkulunkulu, ubuso nobuso, ake ngikutshele okuthize. Hlala kulelo altare. Hlala lapho nje uze uhlangane noNkulunkulu, khona-ke usungakhomba ngomunwe wakho emuva ebusukwini bangalowoNyaka oMusha. Hhayi, futhi uthi, “Ngiphenye ikhasi elisha. Ngenze isifungo esisha.” Kodwa, “Kusukela kulesosikhathi kuqhubeke, ngihlangane noNkulunkulu. Nempilo yaguqulwa, nezinto zehluka. Nazo zonke izinto ziba zintsha, kimi, futhi, kusukela kulesosikhathi kuqhubeke,” isikhathi ohlangana ngaso noNkulunkulu.

97 Akusikho ukuthi, hlangana noNyaka oMusha. Sizobhekana nakho, emizuzwini embalwa. Emva kwesikhashana, cishe amahora amabili nengxenye, ngiyethemba. Mhlawumbe ngaphansi kwalokho. Sizohlangana noNyaka oMusha, ubuso nobuso. Sizohlangana nawo ngezifungo. Sizohlangana nawo ngezifungo zezithembiso. Sizohlangana nawo ngenhloso enhle. Sizohlangana nawo, sithi, “Sizozama ukuphenya ikhasi elisha. Sizozama ukwenza okwehlukile.” Konke lokho kuhle. Ngiyakuthokozela lokho.

98 Mfowethu, soze kwaba yiPhakade uze uhlangabezane noNkulunkulu, kuqala. Uma uhlangana noNkulunkulu,

kuqala, futhi, kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke, yonke into iyokwehluka.

Asikhuleke nxa sikhothamisa amakhanda ethu.

99 Nkosi Jesu, Ndodana kaNkulunkulu, ngiyakhumbula ngenkathi ngihlangana naWe, Nkosi. Ngiyakhumbula, ngingolusizi ohluphekile, ngiphila impilo yokuziphatha kahle, ngingehli ngenyuka, ngiphuza, noma ngigembula, noma ngibhema, noma okunjalo kanjalo. Kodwa ngangazi, Nkosi, uma ukufa kufika kuzokweba kulelokamelo lasesibhedlela, eminyakeni ethize engamashumi amabili eyedlula, kwakukhona okushodayo empilweni yami. Lapho ngahlangana noNkulunkulu, futhi kusukela kulesosikhathi. Kusukela kulesosikhathi, Nkosi, ngizame ukuKukhonza. Impilo yami iguqukile nayo yonke into ibukeka yehlukile. Ngijabula kakhulu ukuthi ngahlangana naWe, Nkosi. Nakulobubusuku, ngibhekene noNyaka oMusha, ngiyajabula ukusho ukuthi ngingabhekana nawo ngoMoya kaNkulunkulu ophilayo enhliziyweni yami.

100 Siphe ukuzibonela, Nkosi. Siphe ukulunga kwaKho nesihawu. Sithethelele izono zethu. Futhi masiphile wonke lonyaka ozayo, O Nkosi Nkulunkulu, ngokuzibonela, ukuthi sihlangane naWe nezimpilo zethu iguquliwe. Siphe khona, Nkosi. Sithethelele amaphutha ethu. Faka phakathi kwethu uMoya waKho oNgcwele. Sihole usiqondise.

101 Baba, Nkulunkulu, nangu u 1960, ubhekene nami. Futhi kukhona amathuba omhlangano womhlaba-jikelele, lapho okubukeka khona sengathi ngisho amashumi ezinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane, nezinkulungwane nezinkulungwane zeqaba, eliluhlaza lomhedeni, kanjalo kanjalo, lingeza kuWe. O Nkosi Nkulunkulu, noMoya waKho enhliziyweni yami, ngibhekene ne altare laKho, kulobubusuku, futhi ngibhekene naWe, futhi ngithi, "Ngisize, O Nkulunkulu. Inhliziyo yami ivutha intshisekelo. NgiyaKuthanda, Nkosi. Ngizinikela kuWe, enkonzweni. Ngiholele nomaphi lapho Ofuna ukungiholela khona. Ngithume nomaphi lapho Ofuna ukungithuma khona, Nkosi. Khuluma nje, futhi ngizohamba.

102 Busisa ibandla lami. Busisa uMfowethu Neville. Busisa bonke abantu lapha, izihambi ezisemasangweni akithi. Nalababelusi abazokhuluma, isikhathi ngesikhathi, kuqhubeke ukuhlwa konke, ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzobusisa inkonzo yabo. Busisa uMfowethu Neville. Busisa uMfowethu Junie Jackson. UMfowethu Beeler, bonke laba abanye abefundisi, babusise, Baba. Siphe unyaka omkhulu ngo 1960.

103 Thina, Nkosi, esaziyo ukuthi sihlangane naWe, ubuso nobuso, futhi esaziyo ukuthi kusho ukuthini ukuzalwa ngokusha ngoMoya waKho, siphe umusa waKho waPhakade, ukuba siKukhonze. EGameni likaJesu siyakhuleka. Amen.

104 NiyaMthanda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] U 1960, akangabi, ukuthi, "Ngiphenye ikhasi elisha." Akangabi, ukuthi, "Ngizama ukuqala impilo entsha." Kodwa akabe, ukuthi, "Ngihlangane noNkulunkulu, futhi kusukela kulesosikhathi, lesosikhathi kuqhubeke, ngibe nokuthula okudlula ukuqonda. Ngibe nokujabula okungakhulumekiyo, nokugcwele inkazimulo. Ngibe nokweneliseka. Ngisho noma ukufa kungafika kimi, ngiyoba sezingalweni zikaNkulunkulu, umzuzu emva kokuhosha ukuphefumula kwami kokugcina. Akunandaba ukuthi yini okufikayo noma okuhambayo!"

105 Mabawuqhumise, ngeSonto ebusuku, uma befuna. Befuna, ibhomu aliyikuqeda ukuqhuma siyobe sesiseNkazimulweni kanye naYe. Amen. Akukho okungasilimaza. Haleluya!

106 Ngijabula kakhulu ukuthi ngihlangane noNkulunkulu. Ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi, "Kusukela kulesosikhathi." Ngikubethela phansi kuleyondawana! "Ngenkathi ngihlangana noNkulunkulu, kukhona okwenzeka kimi. Ngaguqulwa, kusukela kulowomzuzu. Ngiguquliwe, selokhu kwasukela lapho." Ngijabula kakhulu ukuba kulomgwaqo, kulobubusuku, njengobufakazi eNkazimulweni naseMandleni kaNkulunkulu. Into endadlana ephuma lapha, noNkulunkulu wehlela lapho futhi ungipha umusa waKhe, futhi wangisindisa, futhi wangiphilisa, futhi wangigcwalisa ngoMoya waKhe. Futhi wangivumela ngishumayele iVangeli laKhe, okungukuhlonipheka okukhulu ukwedlula konke okukhona ezweni. Kusukela kulesosikhathi, kuze kube yilesisikhathi, angikaze ngibe nakho nokukodwa ukuzisola. Kodwa ngibonge kakhulu, zonke lezizinsuku, futhi ngiyobonga, iPhakade lonke, ukuthi ngahlangana noNkulunkulu.

UNkulunkulu anibusise. Kulungile, Mfowethu Neville.

